U-Brenda Fassie owayengumculi odume kakhulu wazalelwa elokishini laseKapa iLanga Township mhla zi-3 kuLwezi ngonyaka we-1964.

Igama lakhe lesidlaliso ayebizwa ngalo abalandeli bakhe kwakungu *MaBrrr.*

Wayezalwa emndenini ompofu. Umama wakhe wayesebenza emakhishini kanti ubaba wakhe washona uBrenda eseneminyaka emibili kuphela ubudala.



Wayenguthunjana ezinganeni eziyisishiyagalolunye. Umama wakhe wayecabanga ukuthi uzoba ngumfana. Kwathi angazalwa kwadingeka ukuthi acabange igama lentombazane ngokushesha.

Njengoba umama ka-Brenda naye wayengumculi, wamqamba ngegama lomculi waseMelika u-Brenda Lee.



Eseneminyaka emine kuphela wayesecula emicimbini yamasonto. Umama wakhe wayedlala upiyano, u-Brenda acule.

Wathi ehlanganisa iminyaka eyisithupha wase ecula neqembu elalibizwa ngokuthi i-*Tiny Tots*. Leli qembu laliculela abavakashi baseKapa bese belikhokhela imali.



Kwathi angakhula abe yintonjana, abaculi baseKapa baqala ukuqhosha ngaye.

U-Koloi Lebona owayengumdidiyeli womculo owaziwayo eGoli wafika wazomvakashela. Wayethatheke kakhulu yizwi lale ntokazi elalilihle ngokubabazekayo.


U-Brenda wabe eseya eGoli nalapho afika khona waqala ngokushesha iqembu lakhe elalibizwa ngokuthi i-*Brenda and the Big Dudes*.




Leli qembu laqamba iculo elithi *Weekend Special* nokuyiculo eladayisa ubuthaphuthaphu eNingizimu Afrika yonkana.


Abalandeli abansundu nabamhlophe emhlabeni wonke babelidansela leli culo.

Lalithandwa abantu abaningi kakhulukazi lalidlalwa ngezimpelasonto kusukela ngoLwesihlanu kuze kube yiSonto.



Ngonyaka we-1998, uBrenda waqala ukusebenza no-Chicco Twala naye owayengumdidiyeli womculo. Bakhiqiza amarekhodi adayisa ngezinkulungwane futhi engamanoni. Amanye awo yilawa: *Too late for Mama*, *Memeza* nelithi *Nomakanjani*.


Impumelelo yakhe yamzuzisa izindondo zomculo lapha eNingizimu Afrika naphesheya kwezilwandle. U*MaBrr* waqala ukuba ngusaziwayo wezomculo emhlabeni wonke jikelele!



U-Brenda wayedume kakhulu lapha eNingizimu Afrika kangangokuthi wawungekho umcimbi lapho kungadlawa khona nelilodwa lamaculo akhe.


Iculo lakhe elithi: *Vulindlela* lalithandwa kakhulu emishadweni.

Leli elithi: *Ag shame lovey*, lalithandwa kakhulu yizingane ezazimlingisa esenza imigilingwane yemidanso yakhe kanye nakwenza ngobuso bakhe ngesikhathi elicula.



Abalandeli baka-Brenda babechwaza bamemeze igama lakhe ngesikhathi belinde ukuthi angene esiteji.

Kwakuthi angaqala ukucula bacule kanye naye babuye bakhale. Ukuzwa izwi lakhe kwakubenza bazame nokududula amaphoyisa angabaqaphi ngoba befisa ukumthinta ngesandla!



Ngonyaka we-1990 u*MaBrrr* wahlonipha u-Nelson Mandela ngokuqamba ngaye iculo elaba yinoni elithi *Black President*.

Ngaleso sikhathi uMadiba wayesesejele kanti uhulumeni wobandlululo wagcina wakumisa ukuculwa kwalo.

Lokhu kwenza u-Brenda agcine esekhethe ukucula ngolimi lwesiZulu, isiXhosa nangeseSotho kuphela. Abantu bavele bamthanda kakhulu ngalokhu.



Nakuba iphupho lika-Brenda lokuba yisihlabani somculo wepop lafezeka, kodwa washeshe wadlula emhlabeni esemncane. Washona eneminyaka engama-39 kuphela mhla ziyi-9 Meyi ngonyaka wezi-2004.

Kwakulusuku olubuhlungu kakhulu eNingizimu Afrika lolu. Abantu bashaqeka ukuzwa izindaba zokwedlula kwakhe emhlabeni. Abaningi bahlanganyela bekhalela leli qhawe. Washiya emhlabeni indodana yakhe uBongani.



Emva kokushona kwakhe, izixuku zagijima zayothenga umculo wakhe.

Abalandeli bakhe babecabanga ukuthi umculo wakhe ngeke usatholakala.

Kukholakala ukuthi inkampani yomculo wakhe yadayisa izinkulungwane ngezinkulungwane zamarekhodi akhe.



Endaweni yase-Newtown eGoli kukhona isithombe sakhe esakhiwe ngethusi. Sakhiwa kule ndawo ukumhlonipha.

Eduze kwesithombe kukhona isitulo abantu abafike bahlale kuso uma bevakashele iNdlovukazi yomculo we-*pop* yase-Afrika.



U-Brenda wayenguchwepheshe kwezomculo futhi akasoze akhohlakala.

Ungomunye wezihlabani zaseNingizimu Afrika zomculo we-*pop* futhi wanikeza abaculi abaningi ugqozi lokucula.

Kumanje nje abantu abasha sebezitholela amaculo ayenza wonke umuntu afune ukudansa.

## ——Imibuzo

1. Ngabe wazalelwaphi u-Brenda?
2. Ucabanga ukuthi kungani iqembu lakhe lalibizwa ngokuthi, *Tiny Tots?*
3. Ngabe umculo ka-Brenda wawenza abalandeli bakhe bazizwe benjani? Chaza impendulo yakho.
4. Kwakuyini umbuso wobandlululo? Tholisisa kabanzi.
5. Dweba bese ulebhela lokho okukuhlaba umxhwele endabeni.
6. Qamba inkondlo enezitanza ezintathu yokuhlonipha u-Brenda.
7. Yibaphi abanye abaculi base-Afrika owake wezwa ngabo?
8. Chaza noma yikuphi ukusetshenziswa komculo okuhlanu.

Le ncwadi yabhalwa ngolimi lwesePedi njengenye yezinsiza zokufunda zeprijekthi yeZenex Ulwazi Lwethu ezibhalwe ngonyaka wezi-2021.

